

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2015

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokubhala indaba. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nendaba.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansela ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba oyikhethile.

QAPHELA: Indaba kuphela edinga amalungiselelo.

- 1.1 Iqhina Liphum' Embizeni. [50]
- 1.2 Zithande Ukuze Nabantu Bakuthande. [50]
- 1.3 Ukusetshenziswa Kwezobuchwepheshe Zodwa Ezikoleni Njengendlela Yokufunda Nokufundisa Kungabukwa Ngezindlela Ezahlukene. [50]
- 1.4 Ikhwelo LikaHulumeni Lokugqugquzela Ukutshalwa Kwemifino Ezingadini Zasezikoleni Nasemakhaya. [50]
- 1.5 Izikhangiso Ziwusizo Emphakathini.
- Uyahambisana noma awuhambisani nalo mbono? [50]
- 1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-4 nelesi-5 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.Google.Pics.Com]

[50]

1.6.2



[Icashunwe www.motivationalwellbeing.com]

[50]

1.6.3



[Icashunwe kuwebhusayithi Hope rutledge]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

- Khetha izihloko EZIMBILI kulezi ezilandelayo.
- Bhala ngezihloko ozikhethile kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 sisinye.
- Qaphela lokhu okulandelayo:
 - Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
 - Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zokusetshenziswa kolimi.
 - Isakhiwo sombhalo.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.
Isib. 2.1 Incwadi Yomsebenzi

2.1 INCWADI YOMSEBENZI

Bhala incwadi yokufaka isicelo salo msebenzi okhangiswe lapha ngezansi.

ISIKHANGISI SOMSEBENZI

Isitolo esidayisa ngezimpahla zokugqoka sidinga abantu abazosebenza ngamaholidi kaDisemba kulo nyaka.

Ofuna ukufaka isicelo salo msebenzi kumele abe:

- Umfundi owenza ibanga le-12.
- Okwazi ukukhuluma isiZulu nesiNgisi.
- Okwazi ukusebenzisa ikhompuyutha.
- Okwazi ukusebenzisana kahle nabanye abantu.

FAKA ISICELO SAKHO NGAPHAMBI KOMHLA ZINGAMA-30 KUNOVEMBA WEZI-2015.

Thumela incwadi yesicelo sakho kuleli kheli:

INGWE BOUTIQUE
P.O. Box 1873
KwaDukuza
4332

[ULwazi, 2014-09-13]

[25]

2.2 INGXOXO

Sekuphele iminyaka emibili umngane wakho wanyamalala. Uthe esathwabaza emgwaqeni wazithela phezu kukamalume wakhe kwabe inhlanzi ishelwe ngamanzi.

Bhala ingxoxo phakathi kukamngane wakho nomalume wakhe.

[25]**2.3 UMLANDO KAMUFI**

Kushone isihlobo sakho esinguSomabhizinisi odumile endaweni yangakini.

Bhala umlando walo Somabhizinisi.

[25]**2.4 INCWADI EYA KUMHLELI WEPHEPHANDABA**

Wena nabangani bakho nicishe nabhalisela ukufunda esikoleni esingekho emthethweni.

Bhala incwadi eya kuMhleli wephephandaba uxwayise umphakathi ngalolu hlobo lwezikole.

[25]**2.5 UMBIKO OBEKELWE UMGOMO**

Ubuyingxenywe yethimba ebelilekelela imindeni eyehlelwe yinhlekelele yokudilikelwa yizindlu emva kukazamcolo.

Bhala umbiko obekelwe umgomo uwuqondise kuMphathi kaMasipala.

[25]**2.6 ISIBUYEKEZO SENCWADI**

Ufunde incwadi ekuhlabe umxhwele.

Bhala isibuyekezo sale ncwadi (engamiselwe ukufundwa ebangeni le-12).

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100